ISAZISO SOMPHAKATHI

Ukuqanjwa kwemigwaqo

UMasipala weTheku umema iziphakamiso ezivela kuwo wonke umuntu nezinhlangano ezinentshisekelo ngesiphakamiso esimayelana nokuqanjwa kabusha kwemigwaqo elandelayo, **u-Victoria Embankment, Stanger Street, NMR Avenue, Point Road, Alice Street, Broad Street, Grey Street, Commercial Road noNorthern freeway M4.** Niyanxuswa ukuthi iziphakamiso zenu zihambisane nemithetho-mgomo nezinqubo ezathathwa uMkhandlu mayelana nokuqanjwa kabusha kwemigwaqo ethile, imigwaqo ewuthelawayeka, amabhilidi kaMasipala, amahholo omphakathi, amapaki kanye nezindawo.

Uhlelo oluzolandelwa ekuqanjweni kwemigwaqo yilolu olulandelayo

(1) Umuntu, izinhlangano eziqhamuka ngaphakathi kwemingcele kaMasipala weTheku unegunya lokwenza iziphakamiso mayelana nokuqanjwa kwemigwaqo, noma imigwaqo engothelawayeka ngokuhambisana nemithetho-mgomo nezingqubo zomkhandlu.

(2) Kufanele leziphakamiso zibhalwe phansi noma zithunyelwe nge-email zibe nemininingwane ephelele mayelana nomgwaqo othintekayo, uthelawayeka, amabhilidi kaMasipala, ihholo lomphakathi, ipaki, noma indawo negama elihlongozwayo. Konke kuhambisane nezizathu eziqinile ezihlanganisa inkomba ephelele, ubufakazi, kanye nokwesekwa umphakathi.

(3) UMkhandlu weTheku yiwo ozothatha isinqumo sokugcina.

Umgomo uthi imigwaqo, izindawo zomphakathi, izindawo zemvelo nalezi ekungezoMkhandlu, amabhilidi oMkhandlu, impahla, nempahla yobuciko kungaqanjwa kabusha uma kunezimo ezithile eziphoqayo, futhi uMkhandlu oyokhetha igama kulawa alethiwe:

1. Amagama abantu abasadla anhlavana angasetshenziswa kuphela uma kunezimo eziphoqayo
2. Kufanele kubhekelewe kakhulukazi ngasemagameni anomthelela emlandweni wethu
3. Imigwaqo nezindawo zomphakathi, izindawo zemvelo, amabhilidi omkhandlu, inempahla yobuciko kufanele kuqanjwe ngamagama abantu, ezindawo, imicimbi nezemvelo.

UMkhandlu uzosebenzisa le ndlela elandelayo uma usuphothula uhlelo lokuqamba amagama amasha:

a) Uzohlonipha izingqalabutho zakuleli Dolobha naseNingizimu Afrika
b) Uzohlonipha umlando wakuleli dolobha, wesifundazwe nokazwelonke, izindawo, imicimbi, umlando noma usikompilo lwabantu bakuMasipala weTheku
c) Uzoqinisa ukuzazi komphakathi mayelana nemvelaphi yawo
d) Uzoqaphela uhloniphe izitshalo nemvelo yakuleli nasemhlabeni wonke kanye nakho konke okubalulekile kuMasipala weTheku
e) Uzokhuthaza ukusetshenziswa nokwethulwa kwezindawo ezithile
f) Uzoqaphela usikompilo nokwahlukana kukaMasipala weTheku

Amagama okumele agwenywe

a) Achukuluzayo/ahlambalazayo
b) Aqinile, njengalawa okungelula ukuwaphimisa noma amade kakhulu ophawini lomgwaqo
c) Angalungile ngokwemithetho yolimu
d) Akufanele kube khona amagama azophindeka kulendawo kaMasipala weTheku noma ebangeni elingango-5km, lapho khona igama lingasho umgwaqo owodwa
e) Amagama azwakala noma aphimiseka ngendlela efanayo
f) Lawa athatheka njengalawo akhangisa into ethile

Usuku lokugcina lokuletha iziphakamiso umhlaka 9 Januwari 2012.

Iziphakamiso zingalethwa kule email: corporategis@durban.gov.za, ifeksi: 031 311 4024, ikheli leposi: Municipal Manager, 41 Margaret Mncadi Avenue, 2nd Floor, Rennie House, Durban, 4001. Thumela isiphakamiso sakho kuSizakala Centre oseduze nawe.

Sikhishwe iMenenja yeDolobha uDkt Michael Sutcliffe